momentum


Health4Me

# Ukuvakashela udokotela osohlwini lodokotela esisebenzisana nabo ku-Health4Me



Awunqunyelwe ukuthi ungambona kangaki ngonyaka udokotela wakho osohlwini lodokotela esisebenzisana nabo. Kepha, uma usumbone kwaze kwaba kathathu onyakeni, uzodinga ukugunyazwa ngu-Hello Doctor ngaphambi kokuba ukwazi ukubonana nodokotela okwesine onyakeni, kuya phambili. Uma ubhalisele imihlomulo yezifo ezingalapheki, eyesandulela-ngculazi kanye neyabazithwele, ungakwazi ukubona udokotela izikhathi ezimbili ezengeziwe ngaphambi kokuba udinge ukugunyazwa ngu-Hello Doctor – okusho ukuthi, ungaya kudokotela izikhathi ezinhlanu ngaphambi kokuba udinge ukugunyazwa ngu-Hello Doctor.

Ukugunyazwa ngu-Hello Doctor kungenzeka nge-WhatsApp, nge-app yakwa Momentum, noma nge-USSD. U-Hello Doctor uzoxhumana nawe azame ukukusiza ngokukushayela ucingo noma akufonele ngevidiyo. Uma ebona kunesidingo, uzobe esekugunyaza ukuba ukwazi ukubonana nodokotela wakho osohlwini lodokotela esisebenzisana nabo.




Uma unawo umhlomulo we-GP visit booster awudingi ukugunyazwa ngu-Hello Doctor. Ungabheka ukuthi unawo yini umhlomulo we-GP visit booster kwi-stifiketi sakho sokuba yilungu, noma usebenzise **i-app ye- Momentum:**

- Cofa u-**"My Benefits"**; uphinde
- ucofe u-**"GP visits"**; bese
- ubheka imihlomulo onayo ku-**"GP visit booster benefit"**.

## Ngabe unawo umhlolumo we GP visit booster?

**Yebo**: Uma unawo lo mhlomulo, awudingi ukugunyazwa ngu-Hello Doctor

**Cha**: Ngabe usubone udokotela wakho osohlwini lodokotela esisebenzisana nabo kathathu kulo nyaka?

- **Yebo**: Landela lezi zinyathelo ezilula
- **Cha**: Awukadingi ukugunyazwa ngu-Hello Doctor okwamanje

## Landela lezi zinyathelo ezine ezilula uma udinga ukugunyazwa ngu-Hello Doctor

| | Ngo-**WhatsApp** | Nge-**USSD** | Nge-**app ye-Momentum** |
|---|---|---|---|
| | +27 860 10 2903 | *120*394*120# | GET IT ON Google Play · Download on the App Store · EXPLORE IT ON AppGallery |
| Isinyathelo 1 | Gcina i **+27 860 10 29 03** njengenombolo oxhumana nayo. | Cofa ***120*394*120#** ulandele imiyalelo yakhona. | Ngena ngemininingwane yakho kwi-**app ye-Momentum**. |
| Isinyathelo 2 | Vula inombolo egciniwe ngo-WhatsApp, bese uthumela u **"Hi"**.<br>Landela inqubo yezinyathelo ezizokuhola kwinqubo yokugunyazwa ngu-Hello Doctor.<br>**Sikena lekhodi ye-QR ukuqala ingxoxo nge-WhatsApp**<br>Ikhodi ye-QR ye-WhatsApp izosebenza kuphela uma une data kanye uxhumano lwe-inthanethi kumakhalekhukhwini wakho. | Cofa u-**1** ukubheka izinsuku zakho zokubonana nodokotela, nezinombolo zakho zokugunyazwa.<br>Cofa u-**3** ukufaka isicelo sokuthi u-Hello Doctor axhumane nawe, uphinde unikeze imvume yokusebenzisa inkundla yezempilo..<br>Cofa u-**1** ukuqhubeka nesicelo sakho.. | Khetha **"Health4Me"**, uye ku-**"GP visits"**, bese uya ku **"Request GP authorisation"**.<br>Khetha ilungu elidinga ukubonana nodokotela bese ucofa u **"Unlock GP visit"**. Ekhasini elilandelayo, faka imininingwane yelungu bese ukhetha ukufonelwa okujwayelekile noma nge-vidiyo.<br>Nika imvume yokusebenzisa le nkundla yezempilo bese ucofa u **"Submit"** ukucela ukuba udokotela axhumane nawe. |

**Isinyathelo 3**

**Uzothola umlayezo oqinisekisayo ukuthi isicelo sakho sifakiwe.**

**Isinyathelo 4**

**U-Hello Doctor uzokushayela ucingo,** azame ukukusiza khona ocingweni, uma ehluleka, uzokwengenzela usuku ukuze ukwazi ukuyobonana nodokotela osohlwini lodokotela esisebenzisana nabo (Network GP).

**Uma u-Hello Doctor ekugunyaza ukuba ubonane nodokotela wakho osohlwini lodokotela esisebenzisana nabo:**

- Ungakwazi ukubheka inombolo yokugunyazwa ku-app ye-Momentum ngokukhetha **"GP visits"**, bese uya ku **"GP visit authorisation and claims history"**, bese ukhetha ilungu leli ofuna ukubheka inombolo yalo yokugunyazwa.
- Ukhumbule ukuphatha le nombolo mhla uya kudokotela wakho osohlwini lodokotela esisebenzisana nabo.
- Unezinsuku ezintathu zokubona udokotela uma usugunyazwe ngu-Hello Doctor. Uma ungamboni udokotela wakho ogunyaziwe kulezi nsuku ezintathu, ukugunyazwa kwakho kanye nosuku lokubona udokotela obusuwengezelwe lona, kuzohoxiswa.

Ungayi kudokotela wakho osohlwini lodokotela esisebenzisana nabo ngaphambi kokuhlola ukuthi usenazo yini izinsuku zokubona udokotela emihlomulweni yakho noma inombolo ekugunyazayo ukuthi ubone udokotela ephuma ku-Hello Doctor.

U-Hello Doctor uzokunika inombolo ekugunyazayo ukuthi uyobonana nodokotela wakho osohlwini lodokotela kuphela uma yena engakwazanga ukukusiza ocingweni. Uma ukhetha ukuya kudokotela osohlwini lodokotela esisebenzisana nabo ungasenazo izinsuku ohlelweni lwakho noma ungenayo inombolo ekugunyazayo ephuma ku-Hello Doctor, kuyofanele ukhokhele udokotela ngokwakho.

Inguqulo ka-2024

## Ngabe udinga usizo?

+27 860 10 29 03

0860 10 29 03

*Momentum Health4Me is not a medical scheme product, and is not a substitute for medical scheme membership.*

*Momentum Health4Me is administered by Momentum Health Solutions, registration number 1969/016884/07, a Juristic Representative on the Momentum Healthcare Distribution Limited FSP license 27728 and the product is underwritten by Momentum Metropolitan Life Limited, registration number 1904/002186/06, an authorised insurer and financial services provider. Terms and conditions apply.*

Quality, affordable healthcare solutions